OkweBandla LeSinodali

Isidlo, Ukubamba iqhaza, khanye Nemishini

ISONTO 3: UKUBAMBA IQHAZA

Umbuthano Olalelayo:

1. **ISINGENISO**

   Kusuka Manje sesiqaphele futhi sesiyazi ukuthi ngombhabhadiso siba abapriste, abaprofethe kanye namakhosi emva kwempilo nangemisebenzi ka Jesu Kristo futhi sikhona ukufakazela uKristo nokumemezele iVangeli ngamazwi nangezenzo. Ngalesikhathi seNkathi yokulindela sidinga ukuba sivuselele kabusha izibophezelo zethu njengoba uKristo ezovuselela uthando lwakhe kithina. Konke lokhu okungenhla kungaba nomqondo uma nje sikwazi ukuba sikhuthale sibambe iqhaza elibonakalayo futhi sizimbandakanye emisebenzini kaKristo nase Bandleni lakhe. Imibuzo le engezansi kumele isisize ukuba sizibheke thina mayelana nezibophezelo zethu nokubamba iqhaza empilweni nasemisebenzini ka Kristo sibe amatshe akha Imfihlakalo yoMzimba kaKristo, iBandla.

2. **UBUHOLI**

   - Uma ubamba (noma usazobamba) iqhaza empilweni yeBandla kanye nasemisebenzini ka Kristo ngokuba umholi, chaza ngamakhono akho onawo futhi uqhakambise ukuthi ikuphi owa (o)hlangabezana nakho ekuholeni kwakho.
   - Kungabe kuyinto esobala noma indlela yokuphonsa esivivaneni empilweni nasemisebenzini kakristo? Ngaziphi izindlela?
   - Iziphi izincomo noma imiphi imibono ongaba nayo ngokwemisebenzi okumele yenziwe abaholi eBandleni?

3. **IMISEBENZI YEBANDLA**

   - kweminye yemisebenzi eminingi esinayo eBandleni, imuphi lowo owenzayo futhi kungabe ikuphi ohlangabezana nakho ngalowo msebenzi?
   - Kungabe ukubamba kwakho iqhaza kulokho noma kulowo msebenzi kulisiza kanjani iBandla ukuba lithuthuke futhi likhule ekwazeni ukristo?
   - Kungabe iluphi ulwazi olutholile ekwenzeni lowo msebenzi ngokujwayelekile/ umbhabhadiso uyindlela yobupriste eveza impilo kanye nemisebenzi kakristo?

4. **UKUSABALALA EKUHAMBELENI ABANTU**
    - UKristo wayehambela wonke umuntu ikakhulukazi labo abantulayo, abagulayo futhi abakhishwa inyumbazana. Kungabe uma ubona iBandla lisakwenza lokho kulesikhathi sanamuhla?
    - Uluphi ulwazi olutholile futhi kungabe ikuphi ozokwenza ukuqinisekisa ukuthi imisebenzi kaKristo ezizweni kanye nakubantu iyaqhubeka kulesikhathi sethu sanamuhla?
    - Kungaba ikhona eminye imibona noma enikucelayo okungaba izindlela eziphusile ukuba sifinyelele kwabanye?

Pew Imibuzo:

1. Yini ekuvimbelayo ukuthi udlale iqhaza empilweni yeBandla?

2. Ngabe uzwa ngathi uMoya Ocwebileyo uyakuhola ukuthi uzinikele?

3. Ikhona eminye imibono?